**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KWEWEMBEZI INTERCHANGE MHLAKA 16 OCTOBER 2010.**

Mphathi wohlelo;
Ngqongqoshe Manzankosi;
Amakhosi aseNdlunkulu;
Amalungu eSishayamthetho;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Nhloko yoMnyango uHlabisa;
Abamele u-SANRAL;
Izisebenzi zoMnyango wezokuThutha nezikamasipala waseMtshezi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi namhlanje sifike endaweni yaseMtshezi silethe izindaba ezimnandi zentuthuko, hhayi indaba yokuzokhuluma izindaba zokubulalana nokuhlaselana kwabantu njengoba sike seza phambili njengoMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

Namhlanje sizohalalisela umphakathi walapha eWembezi naseMtshezi wonkana ngokuthi uthe uma ukhala ngomgwaqo ozongenela ku-freeway kalula nangempela wathola impendulo. Njengosiko lwethu-ke kuHulumeni kubalulekile siqoke lolu suku ukuba sidlulisele ngokusemthethweni lo mgwaqo emphakathini, sithi nakoke enanikhala ngakho sekungokwenu.

Kuyintokozo kimina ukusho ukuthi KwaZulu-Natal manje sesenze ngcono ukusebenzisana nokuphatha ngokubambisana okuhlanganisa izigaba ezintathu zikahulumeni – uzwelonke, isifundazwe nowasekhaya – njengoba kumele sonke sihambe ngomzila ofanayo. Eminye yemiphumela yalokho iyabonakala kulo msebenzi omuhle wokwakhiwa kweWembezi Interchange. Siyakubonga ukubambisana phakathi koMnyango wezokuThutha kuzwelonke nasesifundazweni kanye nomasipala walapha eMtshezi.

Kumele singakhohlwa phela ukuthi umlando esiphuma kuwona kulelizwe wenza kube nzima ukuthola zonke izidingongqangi kuyo yonke imikhakha, enjengamanzi, ugesi, imigwaqo, izindlu, imitholampilo, izikole njalo njalo ngesikhathi esisodwa.

Eminye imisebenzi yengqalasizinda iphazanyiswa ngukuthi kwabanye omasipala abekho ochwepheshe noma onjiniyela abenele. Yingakho uthola kwesinye isikhathi kunemigwaqo noma izindlu komasipala okungekho esimweni bese kudingeka kungenelele uhulumeni wesifundazwe ukulungisa umonakalo.

Nanamhlanje sisaqhubeka nokunxusa omasipala ukuthi baxhumane nemiNyango yesifundazwe uma behlela ingqalasizinda ukuze balekeleleke ngolwazi lwezobuchwepheshe oludingekayo. Lolu sizo sizolunikezela ngaphandle kokubheka ukuthi umasipala uphethwe iyiphi inhlangano yezepolitiki.

Nabo omasipala akumele bahlehle ngoba bebona umnyango uphethwe mhlambe uNgqongqoshe welinye iqembu. UMongameli wethu uMsholozi kanjalo noNdunankulu wethu uKhabazela bathe masiphume njengohulumeni siye kubantu, abashongo ukuthi masiye kubantu be-ANC. Ngakho-ke silindele okufanayo nakwamanye amaqembu.

Sithanda ukuphinda sibonge nenkampani yakwaStedone ebiyakha lo mgwaqo ethe ngokubona isimo senhlalo kubantu esebenza endaweni yabo yabe isinquma ukubuyisela usizo emphakathini njengoba nayo ithola umsebenzi kuHulumeni.

NgoMay kulo nyaka sasilapha Manzankosi sinoNgqongqoshe uNomusa Dube ophethe ezoHulumeni baseKhaya sizodlulisela ngokusemthethweni izindlu zangasese nendlu yomunye ugogo konke okwakhiwa yile nkampani. Sakuncoma kakhulu lokho nangaleso sikhathi sasho ukuthi phela uma uthola umsebenzi kuhulumeni kusho ukuthi ukhokhelwa yibo abakhokhi bentela iningi labo elisahlupheka kulelizwe. Sagqugquzela nezinye izinkampani zalolu hlobo ukuba zibambisane noHulumeni nemiphakathi ukuze sinqobe impi yokulwa nokuhlupheka ezweni lethu.

Kodwa esithanda ukukugcizelela lapha ngukuthi izindawo ezinjengoMtshezi zidinga ukubhala umlando omusha wokusebenza ngokubambisana ukuze kwakhiwe isizwe. Kumele sifunde emaphutheni okuyiwona asakhele umlando omubi wokungqubuzana nokungezwani siyizinhlangano zepolitiki. Uma thina esingabaholi banamhlanje singakwenzi lokho isizukulwane esizayo siyosithwesa icala lokuthi kwathi abanye abantu bethuthuka kwezinye izindawo thina sabe silibele ukubanga izinto ezingathi shu.

Sengiya ngasekuphetheni, ngithanda ukukhumbuza izingane zesikole lapha eWembezi ukuthi isikhathi esikusona siyaphoqa ukuthi kufundwe ukuze sakhe izwe lethu. Abafundi mabaqinise ezifundweni zesayensi ukuze bangene emkhakheni wobunjinyela okuyiwona osantula kakhulu abantu abamnyama, ikakhulukazi, abesifazane kanti yiwona ophethe ukuthuthukiswa kwengqalasizinda.

Kulo Mnyango engiphathiswe wona wezokuThutha kukhona imifundaze enikwa abafundi abenza izifundo zalo mkhakha. Ngakho-ke ngiyanikhuthaza ukuba nifake izicelo. Kumele eminyakeni ezayo sibe noStedone bethu khona lapha eWembezi.

Ekugcineni, ngithanda ukuphinda ngibongele umphakathi waseMtshezi ngale ntuthuko yomgwaqo, ngithi singuHulumeni sizohlale sizimisele ukulekelela noma kuphi lapho sinamandla khona.

**Ngiyabonga.**